

UTHUKELA CLUSTER



GENERAL EDUCATION AND TRAINING

IBANGA 8

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA [HL]

IPHEPHA LESIBILI(P2)

ISIVIVINYO SOKUPHELA KONYAKA (2023)

AMAMAKI: 60

ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2



LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYISI-11

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu ezintathu:

ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (20)

ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)

ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (30)

2. Fundisisa **YONKE** imiyalelo ngokucophelela.

3. Phendula **YONKE** imibuzo ekuleli phepha.

4. Qalisa isiqephu **NGASINYE** ekhasini **ELISHA**.

5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

6. Bhala izinombolo njengoba zibhalwe ephepheni.

7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

8. Qaphela isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:



ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBULO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Fundisisa **UMBHALO A** ubuye ubukisise **NOMBHALO B** ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

UBUNZIMA OBUBHEKENE NABANTU

Umuntu angazikhethela abangani kodwa angeke akwazi ukuzikhethela umndeni. Ukube siyakwazi ukuzikhethela umndeni ngabe sonke siyizingane zika Patrice Motsepe, umacaphuna kusale omnyama waseNingizimu Afrika. Abantu babhekana nezinkinga emndenini yabo ezigcina zibenze baduka nezwe. Abanye babo bagcina sebevezwa koKhumbulekhaya ngoba ingasaziwa imindeni yabo.

Abantu besifazane ababhekani nemali ngesikhathi samaholide kaKhisimusi. Imali bayayibhubhudla. Ubathola bewola isitolo sonke sokudla. Benjalo abaphumi esitolo uma sebengenile. Behla benyuka beqhuba izinqola zokufaka izinto abazifunayo zigqishwe konke ongakucabanga. Ungaze ucabange ukuthi balahlekile ngaphathi esitolo kanti phinde. Uthi usabheke lokhu kuphunywe esitolo sokuthenga igilosa kuqondwe esitolo sezingubo zokugqoka. Lapha-ke inhliziyi iphuma ngomlomo uma ungakwazi ukubekezela. Omapheka bethulula laba. Uthola kulinganiswa isitolo sonke ngaphambi kokuba kuthengwe okufunwayo. Ababhekani nezingubo zokugqoka ezimba eqolo. Ubathola besindwa ngoplastiki bese ufunda kwezakho ukuthi iningi imali echithiwe lapha. Nokho abantu besifazane bayadinga ukubekezelelwa, udumane uncoma uma ukhonjiswa ingubo elinganiswayo.

Kukhona abantu abashiswa yimali baze bahluleke ngisho ukucabanga. Uthola umuntu ethenga imoto ngoba enemali kanti izincwadi zokushayela akanazo. Kuthi kusabhekwe lokho nanguya esengena komashonisa. Omashonisa babhula amaphiko ngenyanga kaMasingana lapho abantu bengasenamali. Abantu abanengi bagcina sebeyizigqila zomashonisa. Kugcina sekunenkinga yokuphindisela izingane esikoleni, kwamali yokudla isuke ingasabonwa. Angisayiphathi eyokuphindela emsebenzini. Kuba nzima kumuntu ongenaso isandla semali. Umuntu ugcina esezivalela endlini aze alinde usuku lokuhola nalo oluvele lutotobe kabi. Akekho noyedwa umuntu okwathiwa imali ayibhubhudle ngoKhisimusi. Ikusasa liyabekelwa.

Kuba nzima kakhulu kubantu abasebenzayo uma bengenamali. Kuthi besabhekene nokuvaleka, kungene umqhafazo kamama ecela imali yesipheko sasenkonzweni. Kuthi kungakapholi maseko, ingane yakwenu efundayo ikucele imali yokuhamba nesikole. Umuntu uthi esalwisana nalempi emhlaselayo , kuqhamuke ingane yakwenu icele umakhalekhukhwini omusha kuphithane ikhanda.Ugcina usubona ukuthi ukusebenza kuyisiqalekiso kanti akunjalo.Kudinga nje ukuthi ukwazi ukuba nesandla semali.Ukungayikhiphi kwakho le mali, ugcina uyisitha sabo bonke laba bantu.Uma uthi awunayo imali, kuba sengathi **ubophainja nogodo**.

Kukhona umuntu ogcina ekhipha imali eya kubo agcine engasakwazi ngisho ukuzondla.Emakhaya umuntu osebenza edolobheni usuke esezigwaze ngowakhe .Ukusebenza kude nekhaya kwenza umndeni ucabange ukuthi ukhomba ngophakathi, ungumacaphuna kusale.Kuhle ukondla nokubhekelela ikhaya.Khumbula ukuthi kungeze kwaba kuhle ukuthi uhambe ngonyanyavu lwemoto edolobheni kodwa uma ufika ekhaya ulale kusofa.Konke okwenzayo kwenze ngoba iphakethe livuma hhayi ngoba uzizwa uphoqelekile.

- 1.1.1 Ubani ongumacaphuna kusale omnyama waseNingizimu Afrika? (1)
- 1.1.2 Nikeza isizathu esenza abantu bagcina baduke nezwe? (2)
- 1.1.3 Gagula okubili okwenziwa abesifazane uma benemali ngesikhathi sikaKhisimusi? (2)
- 1.1.4 Shono inyanga omashonisa ababhula ngayo amaphiko lapho abantu bengasenamali? (1)
- 1.1.5 Chaza lesi simo zokukhuluma esilandelayo:
Ukubhubhudla imali (2)
- 1.1.6 Kungani abantu abasebenzayo bezithole sebeyiziqgila zomashonisa? (2)
- 1.1.7 Ingabe isihloko sale ndaba siyahambelana yini nendaba? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.8 Uyazwelana yini nomutu osebenzayo ohamba ngemoto enhle kodwa engenalo ikhaya? Sekela impendulo yakho (3)

[15]

UMBALO B (OBUKWAYO)

1.2 Bukisisa kahle lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.



- 1.2.1 Shono okubona esithombeni? (1)
- 1.2.2 Ucabanga ukuthi yini le ephethwe abesifazane abasesithombeni? (2)
- 1.2.3 Kunamphumela muni ukuthenga yonke into uma unemali? (2)
- [05]**

AMAMAKI ESIQEPHU A:[20]



ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBULO 2: FINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

IMIYALELO

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nezindlela zokugwema ukuchitha isikhathi esiningi kumabonakude usebenzise amagama akho angeqile kwangama- 80.
2. Fingqa ngesigaba.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C

IZINDLELA ZOKUGWEMA UKUCHITHA ISIKHATHI ESININGI KUMABONAKUDE

Ukuchitha isikhathi eside ngokungafanele kumabonakude kuyisifo esikhungethe abantu bonke. Umabonakude wenzelwe ukupholisa ingqondo, nokufundisa kepha uma usuwubuka ngokweqile uba yisifo esidinga ukufakelwa izibuko. Kunezindlela ezingalandelwa ukulapha lesi sifo. Bhala izinhlelo nesikhathi ozozibukela ngaso ukuze uqiniseke ukuthi awuchithi isikhathi ngokubuka izinhlelo ezingenasidingo kuwe.

Yiba nongakwenza njengmidlalo edlalelwa ngaphandle uma unesizungu. Lokhu kwenza ingqondo yakho uigxile kwenye into kunomabonakude. Okwenzayo kwabele isikhathi sakho esanele. Lokho kuzokwenza ukuthi ungabuyeli endlini ugcine usubukela nezinye izinhlelo obungahlosile ukuzibukela. Uma wenza lokho isikhathi sakho uzosichitha ngendlela efanele.

Izingxoxo ongaba nazo nabangani noma umndeni zingakuhehela ekubukeni izinhlelo zikamabonakude. Gwema ukulalela ingxoxo yabo uma bexoxa noma bekuxoxela ngezinhlalo ongazibuki kumabonakude. Uma ungayigwemi le ngxoxo uzigcina usunesifiso sokuyozibonela okushiwo ngalezi zinhlelo, ufane noTomasi waseBhayibhelini.

Impilo yanamuhla idala ingcindezi. Izindaswo okuhlalwa kuzo ezingaphephile, imisebenzi esetshenzwayo, isiminyaminyana sezimoto ezisemgwaqeni zibeka impilo engcupheni. Konke lokhu kugcina kubangela ukuthi abantu bathole indlela yokususa ingcindezi uma befika ekhaya. Umabonakude kuba yindlela okufinyeleleka kalula kuyo engaqeda ingcindezi. Abantu bagcina begqolozela umabonakude amahora ngamahora. Ukuze ugweme lokho zifundele izincwadi uhlanganyele namaqembu abafundi bezincwadi nixoxe ngalezo zincwadi enizifundile.

Igumbi lokulala lenzelwe ukulala kuphela. Bukela umabonakude nomndeni wakho endlini yokuphumula, ungawifaki egunjini lokulala. Lokhu kungadala ukuthi uqhubeke ubukele umabonakude kwezinye izikhathi uze uzumeke. Umabonakude ugcine usubuka wena. Ungagcina usulala phakathi kwamabili uhehwa izinhlelo ezingapheli ozibukayo.

Wonke umuntu uyakudinga ukuthuthuka empilweni. Akukuningi okuzuzayo uma ubukela ezinye izinhlelo zikamabonakude. Uma kungekuningi okuzuzayo kulezo zinhlelo, sizathu sini singenza uchithe isikhathi sakho kuzo? Thola indlela yokuchitha isikhathi enenzuzo nefundisayo, njengokwenza isivande utshale imifino, uzifundise ukubhaka amakhekhe uwathengise nokunye.

Ukuhlala njalo wedwa ugqolozele umabonakude kuyingozi,ungagcina ukhuluphala ngokweqile okungadala izifo.Lokhu kungaxhumani nabantu akukuhle, ugcina usuyinkomo edla yodwa.Ukuvakasha nokungebeleka kungasiza ekusebenziseni isikhathi kahle.

[Sithathwe ku-www.googlenews sahunyushwa kabusha]

AMAMAKI ESIQEPHU B: [10]



UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi esilandelayo(**umbhalo ofundwayo nobukwayo**) bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



SHESHA DRIVING SCHOOL

PHUMA USUNGUMPETHA WOMSHAYELI



Woza kwaShesha Driving School khona uzothola:

- Ilayisensi yezincwadi zemithetho yokushayela ngokushesha.
- Ukufunda ukushayela ngezimoto ezintsha ceke.
- Ilayisensi ngokokuqala ungenele izivivinyo zokushayela. ➤

Indawo yokuhlala mahhala uma usafunda.

Ukhodi-8 R500,00	Ukhodi-10 R1 000,00	Ukhodi-14 R1 500,00

Sitholakala ku-103 Dundube Street, Dundee 3301 sheshadrive@gmail.com
Facebook: shesh_driv

Kunesipesheli sokukhokha uhhafu wemali kulabo abaneminyaka eyi-18 kuya kwengama-20.

- 3.1 Kukhangiswani kulesi sikhangisi? (1)
- 3.2 Nikeza okukodwa okutholakala kulesi sikhangisi (1)
- 3.3 Chaza isimo sokukhuluma esidwetshelwe esikhangisweni. (2)
- 3.4 Xoxa ngesipesheli esitholakala kulesi sikhangisi. (1)
- [5]

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

UMBHALO E:(OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

Fundisisa le khathuni bese uphendula imibuzo elandelayo.



- 4.1 Bangaki abalingiswa kule khathuni? (1)
- 4.2 Bakuphi nendawo laba abakule khathuni? Usho ngani? (2)
- 4.3 Chaza umehluko phakathi kwemicrowave kanye nethelevishini? (2)
- [5]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI.

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

UMBHALO F

INGCINDEZI

Wo hhe Zajika izinto. Ubani owayazi ukuthi izingane ziyaba nengcindezi. Kungakuhle abantu abadala bebe neso nodlebe ezinganeni zabo uma zisakhula. Kujwayelekile ukuthi ingcindezi nokhwantalala luphathe izingane eziseminyakeni eyi-13 kuya kweyi-16. Abazali bacabange ukuthi izingane azikwazi ukuzicabangela bavele bafune ukuthi konke abakushoyo kwenzeka. 5

Ezinye izinto ezibangela ukuthi izingane zibe nengcindezi ukuhlukana komndeni, abazali benquma ukuhlukana umshado. Ingane iyaye izithole sekumele ishintshe indawo yokuhlala, isikole kanye nabangane. Okunye ihlaliswe nomndeni omusha, kufane ifunde **indlela** entsha yokwenza izinto. Kwesinye isikhathi uma ingane isifundisiwe **esikoleni** inhlanzeko isizinakekela, umzali avele ayithethise, ayibize ngawo wonke amagama angemahle aze asho nokuthi **ubude abuphangwa**. Ingane seyiyohlala iwunyube uma kukhona esikoleni ongayiphethe kahle ibuye ixoxe ekhaya. UMgobhozi uthi, “izingane mazithathwe njengabantu abakwaziyo ukucabanga nabanemizwa”. 10

- 5.1 Shono igama eliphikisana naleli ethithi “**umngani**” (1)
- 5.2 Nikeza igama elimqondofana naleli elithi: “**indlela**” (1)
- 5.3 Tomula isichasiso emshweni olandelayo: (1)
“Ingane ihlaliswa nomndeni omusha uma abazali behlukanisa umshado
- 5.4 Hlanganisa lemisho elandelayo ngesihlanganiso esifanele, bese usho ukuthi (2)
hlobo luni lomusho.
Izingane zinengcindezi. Izingane azikwazi ukuzicabangela.
- 5.5 Yisho ukuthi igama elibhalwe ngokugqamile emgqeni we-10 hlobo luni (1)
lwesandiso.
- 5.6 Bhala lomusho olandelayo ube senkathini ezayo: (1)
Izingane ziyaba nengcindezi.

- 5.7 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala kulo musho olandelayo. (1)
“Izingane mazithathwe njengabantu abakwaziyo ukuzimela”.
- 5.8 Khulisa leli gama: “**indawo**” bese wakha umusho ngalo. (2)
- 5.9 Guqula umusho olandelayo ube yinkulumo mbiko.
uMgobhozi uthi: “izingane mazithathwe njengabantu abakwaziyo ukucabanga nabanemizwa”. (2)
- 5.10 Nikeza incazelo yesimo sokukhuluma emgqeni we- 11.
“**ubude abuphangwa**” (2)
- 5.11 Faka izimpawu zokuloba endaweni efanele kulo musho ongezansi (2)
Wo hhe zajika izinto.
- 5.12 Khipha isiqalo nesiqu segama “**izingane**” (2)
- 5.13 Yakha isaga ngegama elithi “**umndeni**” bese uyasichaza (2)

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: [30]

AMAMAKI ESEWONKE: [60]





**GENERAL EDUCATION
AND
TRAINING**

IBANGA 8

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA [HL]

IPHEPHA LESIBILI(P2)

ISIVIVINYO SOKUPHELA KONYAKA (2023)

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 60

ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2



LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYISI-6

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBULO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Izimpendulo zika MBHALO A

- 1.1.1 Ongumacaphuna kusale omnyama waseningizimu Afrika uPatrice Motsepe. (1)
- 1.1.2 Kudalwa yizinkinga ababhekene nazo emindenini yabo. (2)
- 1.1.3
- Bawola izimpahla zokugqoka ezibizayo zakwanokusho. (2)
 - Bathenga ukudla okuningi. (2)
- 1.1.4 uMasingana (1)
- 1.1.5 Sichaza ukusebenzisa imali budlaba ize iphele. (2)
- 1.1.6 Yingoba imali basuke sebeyisebenzise ngendlela engeyinhle okwenza bagcine bengasenamali yokufeza izidingo zabo ezibalulekile. (2)
- 1.1.7 Yebo siyahambiselana. Ngoba isihloko sithi “ubunzima obubhekene nabantu” kanti nasendabeni kukhulunywa ngabo ubunzima babantu ababhekeke nabo ekuphileni okungafana nemali. (2)
- 1.1.8 Cha angizwelani naye. Ngoba kubalulekile ukuthi uma unemali noma usebenza uqale wenze izinto ezibalulekile njengakho ukwakha ikhaya bese wenza konke ke okunye. (3)

[15]

UMBHALO B (OBUKWAYO)

- 1.2.1 Ngibona abantu besifazane ababuya ukuyothenga izimpahla. (1)
- 1.2.2 Baphethe izikhwama zamaphepha zokuphatha izimpahla zokugqoka. (2)
- 1.2.3 Kunomphumela ongemuhle ngoba ugcina ungasenayo imali yokwenza ezinye izidingo zakho ezibalulekile ugcine usudlala omashonisa. (2)

[5]

AMAMAKI ESIQEPHU: A [20]

UMBUZO 2: FINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

	Amaphuzu acashuniwe	Amaphuzu ahunyushiwe
1	Bhala izinhlelo nesikhathi ozozibukela ngaso ukuze uqiniseke ukuthi wuchithi isikhathi ngokubuka izinhlelo ezingenasidingo kuwe	Loba izinhlelo nesikhathi ozozibukela ngaso ukuze ungachithi isikhathi ubukela izinhlelo ongazidingi.
2	Yiba nongakwenza njengemidlalo edlalelwa ngaphandle uma uzizwa unesizungu.	Thola ongakwenza okufana nemidlalo yangaphandle uma unomzwangedwa.
3	Gwema ukulalela ingxoxo yabo uma bexoxa noma bekuxoxela ngezinhlelo ongazibuki kumabonakude	Ungalaleli abantu uma bekhuluma uma bekhuluma ngezinhlelo zikamabonakude ongazazi noma ongazibuki.
4	Zifundele izincwadi ,uhlanganyele namaqembu abafundi bezincwadi nixoxe ngalezo zincwadi enizifundile.	Zifundele izincwadi ube mdibimunye kanye nabanye abafunda izincwadi nixoxe ngazo.
5	Bukela umabonakude nomndeni wakho endlini yokuphumula, ungawufaki egunjini lokulala.	Bukela umabonakude endlini yokuphumula ungabi nawo ekameleni lokulala
6	Thola indlela yokuchitha isikhathi enenzuzo nefundisayo njengokwenza isivande utshale imifino, uzifundise ukubhaka amakhekhe uwathengise nokunye.	Yiba nendlela yokusebenzisa isikhathi ezokuzuzisa njengokulima ingadi nokubhaka amakhekhe uwadayise nokunye.
7	Ukuvakasha nokungcebeleka kungasiza ekusebenziseni isikhathi kahle.	Ukuvakasha nokuyozijabulisa kungalekelela ekuchitheni kahle isikhathi.

Ukufingqa ngesigaba

Loba izinhlelo nesikhathi ozozibukela ngaso ukuze ungachithi isikhathi ubukela izinhlelo ongazidingi. Thola ongakwenza okufana nemidlalo yangaphandle uma unomzwangedwa. Ungalaleli abantu uma bekhuluma ngezinhlelo zikamabonakude ongazazi noma ongazibuki.

Downloaded from 5tanmorephysics.com
Zifundise izincwadi noma izincwadi nixoxe ngazo. Bukela umabonakude endlini yokuphumula ungabi nawo ekameleni lokulala. Yiba nendlela yokusebenzisa isikhathi ezokuzuzisa njengokukwenza ingadi utshale imifino noma uzifundise ukubhaka amakhekhe uwadayisele abantu. Ukuvakasha nokuyozujabulisa kungaba enye indlela engcono yokuchitha isikhathi kahle.

[AMAGAMA- 70] 5tanmorephysics.com

AMAMAKI ESIQEPHU B: [10]

Ukumakwa kokufingqa

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**
 - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
 - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle kolimi.
 - Isamba samamaki ayi-10
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
 - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1. Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2. Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**
 - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
 - Iphuzu eli-1 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.

QAPHELA:

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenziwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenziwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenziwe leqile, omakayo kumele afunde aphelele emshweni wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe, angabe esakunaka okulandelayo.

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

- 3.1 Kukhangiswa isikole sokufundela ukushayela I Shesha Driving School. (1)
- 3.2 Ukufunda ukushayela ngezimoto ezintsha ceke (1)
- 3.3 Sichaza ukuthi uma ufunde kwa Shesha Driving School uphuma usukwazi ukushayela ngokusezingeni. (2)
- 3.4 KwaShesha Driving School amanani okufundela ukushayela aphantsi futhi uma uhlala kude uthola nendawo yokulala mahala. (1)

[5]

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

UMBHALO E: (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

- 4.1 Babili (1)
- 4.2 Basendlini yokuphekela (basekhishini) ngoba owesifazane ubonakala esula isitsha, owesilisa uhlezi ezitulweni sasekhishini futhi ubuka isifudumezi ,kukhona nekhabethe. (2)
- 4.3 IMicrowave nethelivishini akufani.iMicrowave umshini wokufudumeza ukudla kanti ithelivishini eyokubuka izinhlelo ezahlukehlukene. (2)

[5]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBHALO F

- 5.1 Umngani -isitha (1)
- 5.2 inyathuko (1)
- 5.3 Omusha (1)
- 5.4 Izingane zinengcindezi **ngoba** azikwazi ukuzicabangela.

- Umliso omkhulu: (2)
- 5.5 Isandiso sendawo (undaweni) (1)
- 5.6 Izingane zizoba nengcindezi. (1)
- 5.7 Isifaniso (1)
- 5.8 Indawokazi-Induna isikele ubaba indawokazi. (2)
- 5.9 uMgobhozi uthi izingane mazithathwe njengabantu abakwaziyo ukucabanga nabanemizwa. (2)
- 5.10 Ungajahi okuphambili isikhathi singakafiki. (2)
- 5.11 Wo hhe! Zajika izinto. (2)
- 5.12 Izi- (isiqalo) (2)
-ngane (isiqu)
- 5.13 Impi yomndeni kayingenwa.Uma kuxabana abantu bandawonye ungezifaki ngoba uzosala wedwa sebexolelene. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: [30]

AMAMAKI ESEWONKE: [60]

